Isifundo 10

**December 2–8*

Abantwana BesiThembiso

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:
Romans 9.

Indimana Yekhanda:
"Ngakho uhawukele lowo athanda ukumhawukela, futhi amenze lukhu lowo athanda ukumenza lukhuni" (Roma 9:18).

Njengoba kulotshiwe, uJakobe ngamthanda, kepha uEsawu ngamzonda. . . . Ngokuba uthi kuMose, ngizohawukela . . . , futhi ngimzwele engimzwelayo" (Rom. 9:13, 15). UPawule ukhuluma ngani lapha na? Kwenzekani ngenkululeko yomuntu kanye nelungelo lokukhetha, okungaphandle kwalo kukuncane esikukholwayo okwenza umqondo na? Asikhululekile yini ukuba sikhethe noma silahle uNkulunkulu na? Noma, ngabe Lezizindimana zifundisa ukuthi abantu abthile bakhethelwe ukusindiswa futhi abanye ukulahlwa, nakuba ukukhetha kwabo kuyikuphi na? Impendulo, ngokujwayelekile, itholakala ngokubuka ngokubanzi lokho uPawule akushoyo. UPawule ulandela indlela yokukhuluma lapho kuye ezama ukuveza ilungelo likaNkulunkulu lokukhetha labo azobasebenzisa "njengabakhethiweyo." Nembala, uNkulunkulu nguYena onomthwalo omkhulu wokuvangela umhlaba. Ngakho-ke, kungani engekhethe izithunywa Zakhe noma ngubani amfunayo na? Inqobo nje engakavimbeli muntu ethubeni lokusindiswa, lesisenzo ohlangothini lukaNkulunkulu asiphukisani nezimiso zokuzikhethela. Futhi okusemqoka kakhulu, asiphikisani neqiniso elikhulu lokuthi uKristu wafela bonke abantu, futhi isifiso Sakhe ngesokuthi bonke basindiswe. Uma sikhumbula ukuthi abaseRoma 9 abakhulumi ngokusindiswa kwalabo ababizwe ngamagama, kodwa akhuluma ngokubizelwa umsebenzi othile, isahluko asinankinga.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-December 9.*

Umthwalo kaPawule

“Futhi niyakuba kimi ngumbuso wabapristi, nesizwe esingcwele. Yilawo mazwi oyakuwakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli” (Exod. 19:6).

UNkulunkulu wayedinga abantu bokuvangela izwe elalibishe ebuhedenini, ebumnyameni, kanye nesezithixweni. Wakhetha Abakwa-Israyeli futhi wazembula kubo. Wahlela ukuthi babe yisibonelo futhi bahehele abanye kuNkulunkulu weqiniso. Kwakuyinhloso kaNkulunkulu ukuthi ngesambulo sesimilo Sakhe ngoIsrayeli izwe lidonsekele Kuye. Ngemfundiso yenkonzo yemihlatshelo, kwakumele uKristu aphakanyiswe phambi kwezizwe, kuthi bonke ababezobheka kuye baphile. Ngokukhula kwesibalo sabakwa-Israyeli, ngokukhula kwezibusiso zabo, kwakumele bandies imingcele yabo uze umbuso wabo wengamele izwe.

Funda abaseRoma 9:1-12. Yiliphi iphuzu alenzayo uPawule lapha mayelana nokwethembeka kukaNkulunkulu phakathi kokwehluleka kwabantu na?

_____

_____

_____

UPawule wakhe inkulumo-mpikiswano azobonisa kuyo ukuthi isithembiso esenziwa kuIsrayeli asizange sehluleke ngokuphelele. Kusekhona insali uNkulunkulu asahlose ukusebenza ngayo. Ukusungula ubuqiniso bomqondo wensali, uPawule ubuyela emlandweni kaIsrayeli. Uveza ukuthi uNkulunkulu ubelokhu enokukhetha: (1) UNkulunkulu akakhethanga yonke inzalo ka-Abrahama esivumelweneni Sakhe, kuphela inzalo kaIsaka. (2) Akakhethanga sonke isizukulwane sikaIsaka, kuphela uJakobe. Kubalulekile, futhi, ukuba sibone ukuthi uzalo aluqinisekisi usindiso. Ungaba ngowozalo olufanele, umndeni okuyiwona, nanokuba ngowebandla okuyulona, kepha ulahlwe, ube ngaphandle kwesithembiso. Ngokukholwa, ukukholwa okusebenzayo ngothando, olwembula labo “abangabantwana besithembiso” (Rom. 9:8).

Buka umusho KwabaseRoma 9:6: “Ngokuba akusibo bonke abavela ku-Israyeli, abangabakwa-Israyeli.” Yimuphi umyalezo obalulekile esingazitholela wona, njengama-Adevntist, okungezindlela eziningi sidlala indima efanayo naleyo ka-Israyeli wasemandulo na?

_____

Bakhethiwe

“Kwathiwa kuye, omdala uyakukhonza Omncane. Njengoba kulotshiwe, uJakobe ngimthandile, kodwa u-Esawu ngamzonda” (Rom. 9:12, 13).

Njengoba sekushiwo kwisingeniso saleliviki, akulula ukuqonda abaseRoma 9 ngokufanele size sibone ukuthi uPawule akakhulumi ngokusindiswa kwabathile. Lapha ukhuluma ngezindima ezithile uNkulunkulu ayebizela abathile ukuba bazidlale. UNkulunkulu wayefuna uJakobe ukuba abengukhokho wabantu ababezoba yizithunya Zakhe ezikhethekile zokuvangela ezweni. Akukho okugudla kulesisahluko ukuthi u-Esawu wayengeke asindiswe. UNkulunkulu wayefuna ukuba asindiswe njengoba efuna bonke abantu ukuba basindiswe.

Funda abaseRoma 9:14, 15. Siwaqonda kanjani lamazwi Ngokwengqikithi yalokho ebesikufunda na?

_____

_____

Futhi uPawule akakhulumi ngosindiso lwabathile, ngoba kulesosigaba uNkulunkulu welula umusa kubo bonke, ngokuba “ufuna bonke abantu ukuba basindiswe” (1 Tim. 2:4). “Umusa kaNkulunku oletha usindiso ubonakaliswe kubo bonke” (Titu 2:11). Kodwa uNkulunkulu angakhetha izizwe ukuba zidlale izindima, futhi nakuba zinganqaba ukudlala lezozindima, azikwazi ukuvimbela ukukhetha kukaNkulunkulu. Nakuba u-Esawu wayengafuna kangakanani, wayengeka abe ngukhokho kaMesiya noma wabantu abakhethiwe bakaNkulunkulu. Ekugcineni, akukona ukukhetha noma yikanjani ngakuNkulunkulu, kungewona futhi nomthetho wezulu, ukuba u-Esawu avalelwe ngaphandle kosindiso. Izipho zomusa Wakhe ngoKristu zikhona kubo bonke. Sikhethelwe ukuba sisindiswe, hhayi ukuba silahlwe (Efesu 1:4, 5; 2 Pet. 1:10). Kungukukhetha kwethu, hhayi okukaNkulunkulu, okusisusa esithembisweni sokuphila okuphakade kuKristu. Kepha, uNkulunkulu ubekile Ezwini Lakhe imibandela yokukhethelwa ukuphila okuphakade—ukukholwa kuKristu, okuholelela isoni esilungisisiweyo ekulaleleni.

Kungathi akekho omunye okhona, wena, uqobo, wakhethwa kuKristu ngaphambi kokwesekelwa kwezwe, ukuba usindiswe. Lolu wubizo lwakho, wukhetho lwakho, konke okunikwa nguNkulunkulu ngoJesu. Ewu ilungelelo elingaka, ithemba elingaka! Konke sekushiwo, kungani konke kuba yize uma kuqhathaniswa nalesisithembiso na? Kungani kuyakuba yinhlekelele enkulu ukuvumela isono, umina, kanye nenyama ukuba kuhlwithe konke lokhu okuthenjiswe kuJesu na?

_____

Izimfihlo

“Ngokuba imicabango yami akuyona eyakho, nezindlela zakho akuzona ezami, usho uJehova. Ngokuba njengokuphakama kwamazulu ngaphezu komhlaba, nezindlela zami ziphakeme kunezakho, nemicabango yami kuneyakho” (Isa. 55:8, 9).

Funda abaseRoma 9:17-24. Sibuka konke esesikufundile kuze kube manje, kumele siliqonde kanjani iphuzu likaPawule lapha na?

Ngokubhekana neGibhithe ngesikhathi sofuduko ngendlela enza ngayo, uNkulunkulu wayesebenzela usindiso lwesintu. Ukuzembula Kwakhe uNkulunkulu ngezinhlupheko zaseGibhithe kanye nokukhululwa kwabantu Bakhe kwakuhloswe ukwembula kwabaseGibhithe, kanye nezinye isizwe, ukuthi uNkulunkulu kaIsrayeli ngempela nguNkulunkulu weqiniso. Kwakuhloswe ukuba kube yisimemo sabantu bezizwe ukuba bashiye onkulunkulu babo beze ukuzokhonza Yena. Nembala uFaro wayesenzile isinqumo sakhe ngakuNkulunkulu, ngokuthi ekuqiniseni inhliziyo yakhe, uNkulunkulu wayengamchithi ethubeni lokusindiswa. Ukuqinisa inhliziyo kwakumelene nokudedela u-Israyeli ahambe, hhayi ngakubizo lukaNkulunkulu lokuthi uFaro amukele usindiso. UKristu wamfela uFaro njengoba afela noMose, u-Aaron, kanye nawo wonke u-Israyeli. Iphuzu elibucayi kukho konke lokhu ngelokuthi njengesintu esiwileyo sinombono Omncane wezwe, wokuyikho, nokaNkulunkulu kanye nendlela asebenza ngayo ezweni. Singalindela kanjani ukuqonda konke ngezindlela zikaNkulunkulu uma imvelo, konke esikubonayo, kunezimfihlo esingaziqondi na? Nembala, kuseminyakeni engu-171 eyedlule lapha odokotela bafunde ukuthi kungaba ngumqondo omuhle ukuba bageze izandla ngaphambi kokuba bahlinze! Sicwile kangako ekungazini lutho. Futhi Ngubani owaziyo, uma kuqhubeka isikhathi, ukuthi yiziphi ezinye izinto esiyozithola kusasa ezizokwembula indlela esibishe ngayo ekungazini nanamuhla na?

Ngeqiniso asizinqondi njalo izindlela zikaNkulunkulu, kodwa uJesu weza ukuzokwembula kithina ukuthi uNkulunkulu unjani (Johane 14:9). Kungani, pho, phakathi kwayo yonke imfihlo yempilo kanye nezigameko ezingalindelekile kubalulekile ukuba sigxile esimilweni sikaKristu kanye nalokho akwembulile ngoNkulunkulu kithina kanye nothando Lwakhe ngathi na? Ukwazi isimilo sikaNkulunkulu kungasisiza kanjani ukuba sihlale sithembekile phakathi kokuhlupheka okungafanelekile futhi kungalungile na?

Ammi: “Abantu Bami”

KwabseRoma 9:25 uPawule ucaphuna uHoseya 2:23, futhi kwabseRoma 9:26 acaphune uHoseya 1:10. Umlando ngukuthi uNkulunkulu wayaleza uHoseya ukuba athathe “umfazi ophingayo” (Hos. 1:2) njengomfanekiso wobudlelwane bukaNkulunkulu no-Israyeli, ngenxa yokuthi isizwe sasesikhonza onkulunkulu abangaziwa. Izingane ezazalwa kulobubudlelwane zanikezwa amagama akhomba ukulahla kanye nokujezisa kukaNkulunkulu kuIsrayeli okhonza izithixo. Ingane yesithathu yabizwa ngo-Loammi (Hos. 1:9), okuchaza ukuthi “akubona abantu bami.” Kepha, kukho konke lokhu, uHoseya waprofetha ukuthi ilanga lalizofika lapho, esebajezisile abantu Bakhe, uNkulunkulu wayezobuyisela izinhlanhla zabo, asuse onkulunkulu babo bamanga, futhi enze isivumelwano nabo. (Buka uHos. 2:11-19.) Ngalesosikhathi labo ababengu-Loammi, “akubona abantu bami,” babezoba ngu-Ammi, “abantu bami.” Ngesikhathi sikaPawule, u-Ammi kwakungu “nathi, . . . hhayi kuphela okwamJuda, kodwa nokwabeZizwe” (Rom. 9:24). Yindlela esobala nenamandla yokwethula ivangeli, ivangeli kusukela ekuqaleni uNkulunkulu wayelihlosele izwe lonke. Akumangalisi-ke ukuthi thina njengama-Adventist sithatha iqhaza obizweni lweSambulo 14:6: “Ngasengibona enye ingelosi indiza emkhathini, iphethe ivangeli langunaphakade ukulishumayela kulabo abahlala emhlabeni—kwizizwe zonke, nemindeni, nezilimi, nabantu” (NKJV). Namuhla, njengasezinsukwini zikaPawule, kanye nasezinsukwini zikaIsrayeli wasemandulo, izindaba ezilungileyo zosindiso kumele zishunyayelwe ezweni lonke.

Funda abaseRoma 9:25-29. Qaphela indlela uPawule acaphuna ngayo KwiTestamente Elidala Ukwenza iphuzu lakhe mayelana nezinto ezazenzeka ngesikhathi sakhe. Yimuphi umyalezo oyisizinda otholakala kulesisahluko na? Iliphi ithemba elanikezwa abafundi bakhe lapha na?

Iqiniso lokuthi abanye abangabakhaya bakhe uPawule babechitha ubizo lwevangeli kwakumnikeza “ubunzima obukhulu kanye nokudabuka okungapheli” enhliziyweni yakhe (Rom 9:2). Kepha kwakunensali okungenani. Izithembiso zikaNkulunkulu azehluleki, nakuba abantu behluleka. Ithemba esingaba nalo ngelokuthi, ekugcineni, izithembiso zikaNkulunkulu zizogcwaliseka, futhi uma sizibizela lezozithembiso, ziyagcwaliseka kithina, ngokunjalo.

Sukukangaki abantu bekwenzela phansi na? Wena sekukangaki ubenzela phansi kanye nawe na? Mhlawumbe izikhathi eziningi kunokuba ungazibala, akunjalo na? Yiziphi izifundo ongazifunda kulokhu kwehluleka ngokuthi ekugcineni ithemba lakho kumele libe kuphi na?

Ukukhubeka

“Siyakuthini na? Ukuthi abeZizwe, abangalandelanga ukulunga, sebethole ukulunga, ukulunga kambe kokukholwa. Kodwa u-Israyeli, owalandela umthetho wokulunga, akafinyelelanga emthethweni. Ngani na? Ngoba akubanga ngokukholwa” (Rom. 9:30–32). Uthini umyalezo lapha, futhi, okusemqoka kakhulu, singawuthatha kanjani lomyalezo owawubhalwe ngesikhathi esithile endaweni ethile futhi sisebenzisa izimiso zawo kithina namuhla na? Singagwema kanjani Ukwenza amaphutha afanayo naka-Israyeli ngesikhathi sabo kwingqikithi yethu?

Ngamazwi asobala, uPawule uchazela abakhaya bakhe ukuthi kungani bephuthelwa yilokho uNkulunkulu anesifiso sokuthi babenako—futhi ngale kwalokho, yilokho ababekade bekujaha kodwa bengakuhtoli.

Ngokuthathekisayo, abeZizwe uNkulunkulu ayebamukele babekade bengalweli ukwmukeleka. Babezenzela izinto zabo ngenkathi ivangeli lifika kubona. Bebamba ukubaluleka kwalo, balamukela. UNkulunkulu wathi balungile ngoba bamukele uJesu Kristu njengoThatha indawo yabo. Kwakungukuhweba kokukholwa. Inkinga ngoIsrayeli ngukuthi babekhubeke etsheni lokukhubeka (buka u-Rom. 9:33). Abanye, hhayi bonke, (buka iZenzo 2:41), abavumanga ukwamukela uJesu waseNazaretha njengoMesiya owuyethunyelwe nguNkulunkulu. Akahlangabezananga nababekulindele ngoMesiya; Yingakho, bamfulathela ngenkathi efika.

Ngaphambi kokuba lesisahluko siphele, uPawule ucaphuna enye Indimana yiTestamente Elidala: “Njengoba kulotshiwe, Bheka, ngibeka eSiyoni itshe lokukhubeka kanye nedwala lokuwisa: noma Ngubani okholwayo kuye ngeke ahlazeka” (Rom. 9:33). Kulesisahluko, uPawule uveza futhi ukuba bucayi kokukholwa kweqiniso ecebeni losindiso (buka futhi u-1 Pet. 2:6-8). Idwala lokuwa na? Kodwa, lowo okholwa Kuye ngeke ahlazeka na? Yebo, kwabaningi, uJesu uyisikhubekiso, kepha kulabo abamazi futhi bemthanda Yena, ungenye inhlobo yedwala, “idwala lensindiso yami” (Ps. 89:26).

Sewuke wamthola uJesu “eyisikhubekiso” noma “idwala lokuwa” na? Uma kunjalo, kanjani na? Okungukuthi, wawenza lokho okwakubeka kulesosimo na? Waphuma kanjani, futhi yini owayifunda ukuze, ngethemba, ungaphinde uzithole kulobo budlelwane obumelene noJesu na?

Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, *"Later English Reformers,"* pp. 261, 262, in *The Great Controversy; "Faith and Works,"* pp. 530, 531, in *The SDA Encyclopedia*; Ellen G. White *Comments,* pp. 1099, 1100, in *The SDA Bible Commentary*, vol. 1. "Kukhona ukuqokwa kwabathile kanye nesintu, okuyikona kuqokwa okutholakala ezwini likaNkulunkulu, yilapho umuntu eqokelwa ukusindiswa. Abaningi babuke ekugcineni, becabanga ukuthi babeqokelwe ukuba nenjabulo yezulu; kodwa lokhu akukona ukuqokwa okwembulwa yiBhayibheli. Umuntu uqokelwa ukuba asebenzele insindiso yakhe ngokwesaba nangokuthuthumela. Uqokelwe ukuba agqoke ingubo yempi, ukulwa ukulwa okuhle kokukholwa. Uqokelwe ukusebenzisa lokhu uNkulunkulu amphathise kona ukulwa nezinkanuko ezingengcwele, ngenkathi uSathane edlala umdlalo wokuphila komphefumulo. Uqokelwe ukulinda ngokukhuleka, ukuhlola Izibhalo, kanye nokugwema ukungena ekulingweni. Uqokelwe ukuba nokholo olungapheliyo. Uqokelwe ukulalela lonke izwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu, ukuze abe, hhayi ozwayo nje kuphela, kepha ngumenzi wezwi. Lokhu ngukuqokwa kweBhayibheli."—Ellen G. White, Testimonies to Ministers and Gospel Workers, pp. 453, 454. "Ayikho ingqondo yomuntu engaqonda ngokuphelele isimilo noma imisebenzi yoNgunaphakade. Asikwazi ngokufuna Sithole ngoNkulunkulu. Ezingqondweni ezinamandla neziphucuke kakhulu, kanye nakwezibuthakathaka nezingazi lutho, lesoSidalwa esingcwele kumele sisale sembethe imfihlakalo. Kodwa nakuba 'amafa nobumnyama kumzungezile: ukulunga nokwahlulela kuyisisekelo sesihlalo Sakhe sobukhosi.' Hubo 97:2, R.V. Singacabanga ngokwenza Kwakhe kithi ukubona umusa ongenamingcele umunye namandla angenamkhawulo. Singaqonda kangangokuba sinako ngezinhloso Zakhe; ngale kwalokho kuyodingeka ukuba sithembe isandla esinamandla onke, inhliziyo egcwele uthando."—Ellen G. White, *Education,* p. 169.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Amanye amaKristu afundisa ukuthi, nangaphambi kokuba sizalwe, uNkulunkulu wakhetha abanye ukuba basindiswe kanye nabanye ukuba balahlwe. Uma kwenzeka ube ngomunye walabo uNkulunkulu, ngothando kanye ngokuhlakanipha Kwakhe okukhulu, abakhethela ukuba balahiwe, noma ungakhetha kanjani, umelwe wukulahlwa—iningi labantu elikholwa ngukuthi kuchaza ukusha ingunaphakade esihogweni.ngamanye amazwi, ngokungazikhetheli kwethu kodwa ngokwenza kukaNkunkulu, abanye banqunyelwe ukuphila ngaphandle kobudlelwane obusindisayo noJesu kulokhu kuphila, ukuba nje bayochitha impilo elandelayo besha ingunaphakade emlilweni wesihogo. Yini engalungile ngalomfanekiso na? Lomqondo uphikisana kanjani nokuqonda kwethu kwalokho na?

2. Ulibuka kanjani ibandla lama-Seventh-day Adventist kanye nobizo lwalo emhlabeni namuhla olufana nendima ka-Israyeli wasendulo ngezinsuku zakhe na? Yikuphi okufanayo futhi umehluko yimuphi na? Senza kangcono ngaziphi izindlela na? Noma senza kabi kakhulu na? Lungisisa impendulo yakho.

Notes